# Masizinakekele

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Sixoxele, ngabe zikhona izindawo zokudlala zomphakathi ngakini?
2. Bala imidlalo oyithandayo noyidlala nabangani bakho.

Mina nginguMandla Shezi. Ngazalwa ngezi-28 kuNhlaba 2018. Mina nomndeni wami sihlala edolobheni.



Emndenini wami kukhona umama nobaba. Ngiyakuthokozela ukuhlala nomndeni wami. Ekhaya ngiphakathi komhlane nembeleko, ikhaya elinemfudumalo.

EXTRACT PAGES

Ngubani igama lomfana? Kusho ukuthini ukuba phakathi komhlane nembeleko?



EXTRACT PAGES

Ngiyathanda ukuzilungisela ukuya esikoleni ekuseni. Uma sengilungile umama uyangithatha ngemoto yakhe angihambise esikoleni.

Ingabe uthanda ini uMandla? Buka umubala wemoto, wena ungathanda onjani?

Ngiyathanda ukufunda esikoleni, ngithanda ukufunda ngezinto ezintsha ezahlukahlukene. Ngithanda kakhulu izibalo ngoba ukubala yinto engichazelwa ngayo ekhaya. Ubaba ungungqondongqondo wezibalo, uhlezi ebala inzuzo yebhizinisi lakhe.



EXTRACT PAGES

Ngabe likhona yini ibhizinisi elenziwa kubo kaMandla usho ngani?

Ngesikhathi sezibalo, umisi  uqale asenzise izibalo zekhanda ngaphambi kokusibhalisa umsebenzi wosuku. Umsebenzi wosuku uyahluka njalo.



EXTRACT PAGES

Kungani uMisi aqale ngokubenzisa izibalo zekhanda? Ake nixoxe.



EXTRACT PAGES

Ngesikhathi sekhefu ngithanda ukuchitha isikhathi nomngani wami omkhulu uShoba. Siyathanda ukudlala imidlalo eyehlukene ngesikhathi sekhefu.

Ubani umngani omkhulu kaMandla? Sitshele ngomngani wakho.



EXTRACT PAGES

Umngani wami uyanginakekela, kwesinye isikhathi sike sithi sisadlala, umuzwe esethi udlile? Uyaphila?  Ufike abheke ukuthi ngisaphila yini. Phela umama uhlale ethi kufanele sizinake, sizigcine siphilile, siphinde sinakekelane futhi.

Wena ngokwakho uzinakekela kanjani?

Emva kwekhefu ngifike ekilasini ngabuza uthisha wami ukuthi kungani kufanele sizigcine siphilile, phela ngisuke ngibona abangani bami bezongibheka njalo, ngimangale nje.




Ngabe uyabanakekela yini abangani bakho?

Wathi benza njalo ngoba bayakuthanda njengabangani bakho. "Phela uma umuntu umthanda uhlale umkhombisa ukumkhathalela ngisho kungekho okubi okwenzeka kuyena. Izandla ziyagezana, uma ubanakekela nabo bazokunakekela."



Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani uMisi noMandla esithombeni?